## Izithombe ezingaphandle

Ingane engundingasithebeni, ukuzamazama komhlaba okwenzeka phakathi olwandle nokwenza amanzi aphumele ngaphandle ngobuningi bawo adale incithakalo enkulu, umuntu ogulela esibhedlela, ingozi yemoto, imililo yequbula, ukutakulwa kwabantu abasale dengwane ngemuva kokuzamazama komhlaba okunamandla, indoda edla amathambo ekhanda.

Lencwajana iguqulelwe olimini lwesiZulu nguNtombifuthi Winnie Gamede esizana noJennifer Zulu.

Kulencwajana kusetshenziswe igama elithi amava elithathwe olimini lwesiXhosa. Isizathu sokusetshenziswa kwalo yingoba selamukeleka olimini lwesiZulu futhi aliniki ukudideka kulowo olizwayo nolifundayo. Igama elithi intshumayelo elisetshenziswe kulencwadi liyefana nalelo elithi isigijimi. Womabili achaza into eyodwa.

## Izincwadi okucashunywe kuzo

Izicaphuno ezikulencwadi zithathwe eBhayibhelini lesiZulu

# Okuqukethwe


Ngicabangisa okomuntu........................................................1

Enye indlela yokucabanga......................................................5

Ukuzwisisa okungelona iqiniso...............................................7

Umbuzo obalulekile..............................................................8

Uthando lomuntu nothando olungcwele............................10

Izipho zothando..................................................................11

Imithetho nemithetho........................................................12

UNkulunkulu uwusekele umhlaba.....................................14

Induku kaMose...................................................................15

Kungani kungenzekanga ngaphambili na?........................21

Ukuhlanzwa kwethempeli...................................................22

Ubufakazi besiphambano....................................................24

Ukuqonda okusizengeni eliphakeme nelingcwele..........27

## Ngicabangisa okomuntu

IMVULA yana izinsukwana ina ngamandla. Idamu elaselineminyaka engu-35 lagcwala lachichima, amanzi aze akapakela ngaphandle. Imvula yona yayilokhu iqhubekile nokuna. Izakhamuzi ezazihlala bude buduze nedamu zaqhubeka nemisebenzi yazo yansuku zonke zingagxilile kangako kuyo, nanxa zazifisa sengathi inganqamuka.

Yenzeka indaba! Izindonga zedamu zaxegaxega zenziwa umthamo wamanzi amaningi ezaziwamumethe, zachachamba, zawa, zakhipha amanzi abhodlayo nakhipha amagwebu aphakeme kuhle kodonga olungamamitha alishumi. Lamanzi agijima okwesitimela, eqothula konke okusendleleni yawo. Lesehlakalo sashiya abantu abangu-39 befile nabangu-45 belimele kabi. Izakhiwo nezimoto zacekeleka phansi. Ngokwejwayelekile, izinkampani zemishwalense zayichaza lenhlekelele njenge 'senzo sikaNkulunkulu'. Akungatshazwa ukuthi zazicabangisa okomuntu.

Ngenhla kwamahlathi esiqhingi esiseNingizimu, intabamlilo yaqubula isicoco sayo. Yazamazama, yashunqa, yaletha izinsolo eziqhubekayo zokuthi ingase iqubuke. Kwathi kungazelele muntu yaqhuma yakhipha okubilayo okumnyama, okwachithekela emaceleni ayo, kwehlela ngesivinini ezakhamuzini le ezansi. Zathi ukukubona lokhu izakhamuzi zabaleka zashiya isithunzi. Zaphumelela ukuwela ulwandle olwalugubha ngezikebhe. Izindlu, amasimu nemfuyo kwacekeleka phansi. Ngobuso obethukile nobudangele, izakhamuzi zatshelana zizodwa ukuthi uNkulunkulu uzicasukele nokuthi kufanele zenze okuthile ukudambisa ulaka lwaKhe. Izakhamuzi zazicabangisa okomuntu.

Ake sibheke udaba lomuntu oqalayo ngqa ukugula empilweni yakhe. Kwenzeke agule aze ayolala esibhedlela. Esesibhedlela imicabango yakhe yaphendukela kuNkulunkulu ukuthola induduzo. Wathatha iBhayibheli elaliseceleni kombhede walifunda. Uyaqala belu nokulivula empilweni yakhe unkabi.

Aqale kuGenesisi afunde ngokudalwa komhlaba, ukuwela kukaAdamu esonweni, aqhubeke njalo aze afike lapho kuthi uNkulunkulu wathumela uzamcolo emhlabeni ukubulala bonke abantu abangamlaleli. Aqhubeke afunde ngokuthunyelwa komlilo eSodoma naseGomora, izinhlupheko ezathululwa ezweni laseGibhithe, nemiyalelo uNkulunkulu ayinika abakwaIsrayeli ukuba baqothe imbokodo nesisekelo esizweni sama-Amaleki. Kwavele kwaba ngaphezu kwamandla akhe lokhu akufundayo. Wavala iBhayibheli walibuyisela lapho ayelithathe khona, esho nokusho ukuthi yena angeke akwazi ukuthanda nokukhonza uNkulunkulu ononya nesihluku ngalendlela.

Kuyadabukisa ukuthi wazifunda ngamehlo okuqonda komuntu lezehlakalo. Wayeyijwayele indlela umuntu aziphatha ngayo, ngakho-ke wacabanga ukuthi noNkulunkulu uziphatha ngaleyo ndlela.

Izinhlekelele ezenzeka emhlabeni zicekela phansi impilo nempahla. Uma zezenzeka kucatshangwa ukuthi zingumsebenzi kaNkulunkulu, uhlisela ulaka lwaKhe ebantwini abangamlaleli, abangamhloniphi nabangamthandi.

Imvamisa abantu baziphatha ngalendlela: uma bebona ukuthi abalalelwa, abahlonishwa futhi abathandwa, basebenzisa impoqo ukuthola lezinto. Ekugcineni bathatha imikhuba abayenzayo bayifanise nekaNkulunkulu ngoba becabanga ukuthi izindlela zabo zifana nezaKhe.

Izinhlekelele ezicekela phansi impilo nempahla ziya ngokwanda emhlabeni. Lezinhlekelele zivamise ukuthathwa njengomsebenzi kaNkulunkulu onolaka nokhiphela intukuthelo yaKhe ebantwini abangamlaleli, abangamhloniphi nabangamthandi. Ukucabanga ngoNkulunkulu ngalendlela kungukumfanisa nomuntu. Abantu bawejwayele lomqondo wokuthi uma uNkulunkulu ethukuthele uthumela zonke lezinhlekelele ngoba engekho ongambuza. Bakholwa ukuthi uNkulunkulu ubathukuthelele yingakho ethumela lezehlakalo ukubenza bamlalele yize kusobala ukuthi ayisebenzi lendlela. Iqiniso ukuthi uma ngempela uNkulunkulu ebaphatha nga-

lendlela abantu, luyancipha uthando abaMthanda ngalo kwande ukuhlubuka. Akekho umuntu ongamkhonza uNkulunkulu uma nje esebenza ngokungathembeki.



Uma ubheka nje kafishane emlandweni uzobona ukuthi akekho noyedwa umholi owazuza uthando nokuthenjwa abalandeli bakhe ngokubanika izijeziso ezinzima ngokungalaleli kwabo. Kungenzeka ukuthi abalandeli bakhe bamkhonza kepha bamkhonza ngoba bemesaba, besaba nalokho angahle abenze kona. Ukukhonzwa okunje akuveli othandweni. Ngakho-ke uma uNkulunkulu esebenzisa izindlela zokuphoqelela ukukhonzwa nokuthandwa ezisetshenziswa ngabantu angeke akuthole ukulalelwa okunothando. Kunaloko uthola ukulalelwa okunobuqili nokungaveli othandweni nokulandelwa ukuhlubuka kwabantu.

## Enye indlela yokucabanga

KUKHONA indlela ehlukile nenhle yokucabanga ngoNkulunkulu. Le indlela uKristu akhombisa ngayo uYise ngokucabanga nangokukhuluma. Uma siyilandelisisa ngokucophelela indlela uKristu aveza ngayo uYise kuqubuka uthando, injabulo nokuthula ezinhliziyweni zethu ngoba sibona uNkulunkulu enguBaba onothando nongeyena umbusi ononya.

Ngenkathi uKristu eza emhlabeni wayenemisebenzi eminingi okwakufanele ayifeze. Umsebenzi owawubaluleke ukuyedlula yonke kwakungukubeka obala amanga ayesabalele ngesimilo sikaYise ngokuthi asikhombise isimilo okuyiso sikaYise. Futhi uyasimema ukuthi sibone, sicabange siphinde sikhulume ngoNkulunkulu njengoba enza. UKristu wasiveza ngokuphelele isimilo sikaYise ngempilo nangesimilo saKhe lapha emhlabeni. Konke okwakufanele sikwazi ngoBaba kwavezwa empilweni nasesimilweni seNdodana yaKhe. Nanxa uKristu asiveza ngaphandle kokuthandabuza isimilo sikaYise, abantu abaningi kuhlanganisa nabafundi baKhe abazange bayinake lentshumayelo. Lokhu kwabonakala emazwini kaFiliphu athi: “Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele.” *NgokukaJohane* 14:8.

UKristu wadumala kakhulu ngalesicelo ngoba sasimkhombisa ukuthi nalabo ababesondelene naYe nokwakuyibona okwakulindeleke ukuthi babe ngabokuqala ukuqondisisa injongo yaKhe babengayiqondi. UJesu wathi kuye: “isikhathi esingakanani nginani, awukangazi Filiphu, na? Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: sikhombise uYihlo, na?” *NgokukaJohane* 14:9. Ngalamazwi aKhe ayewaqondise kuFiliphu, uKristu wayeqinisekisa ukuthi uma abafundi bembonile yeNa, babona nesimilo saKhe sothando, kusho ukuthi sebambonile uYise. Ngokuba uJesu akezanga ukuzoveza isimilo sikaYise kuphela, uzele nokusembula ezimpilweni zethu.

Ukuze anike isithombe esiphelele ngoYise kwadingeka ukuthi uJesu abe yisithombe saKhe esiphelele ngokwaKhe. Ngaphambi

kwengxoxo noFiliphu, uJesu wayebatshelile abafundi baKhe ngaphambili ukuthi impilo yaKhe kwakuyisithombe esiphelele sikaYise nokuthi wayenza kuphela lokho okwenziwa nguYe.

Khona uJesu waphendula, wathi kubo: "ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwayo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza, ngokuba lokho akwenzayo yeNa, neNdodana iyakwenza kanjalo. Ngokuba uYise uyayithanda iNdodana, uyikhombisa konke akwenzayo yeNa; woyikhombisa imisebenzi emikhulu kunalena ukuba nimangale". *NgokukaJohane* 5:19; 20. Ngalenkulumo uKristu wayekhombisa ukuthi wayengenzi kuphela lokho abone uYise ekwenza, kepha ukwenza ngendlela uYise akwenza ngayo. Izindlela nezimiso asebenza ngazo zifana nezikaYise.

Abantu abaningi bazifundile izehlakalo okulotshwe ngazo eTestamenteni eliDala, babona uNkulunkulu ononya nesihluku, ongazange akucabange okunye ngaphandle kokuthumela umlilo oqothulayo phezu kwamakhanda abantu ababengakwazi ukuzivikela nababengafuni ukumlalela njengoba enza kwabaseSodoma. Abantu baqhubeka bafunda ngoKristu eTestamenteni eliSha, bamthola ehluke kakhulu kunoNkulunkulu oveze eTestamenteni eliDala. Banquma ukuthi uNkulunkulu noKristu banezimilo ezingafani. KuKristu babona ubumnene, uthando, umusa, ukuxolela, ukuthobeka, ukubekezela nokungaphindiseli ngokubi ezitheni, kungakhathalekile ukuthi zimphatha ngesihluku esingakanani. Ukuthi uYise neNdodana banezimilo ezingafani kungukucabanga nokukhulumisa okomuntu, ngoba le akuyona indlela uKristu akhuluma ngayo. Ngegunya ayenalo wakuqinisa ukuthi yeNa noYise banesimilo esisodwa futhi benza nemisebenzi efanayo ngendlela efanayo.

Impilo nezimfundiso zikaKristu zingubhoko okuhlolwa ngazo konke okushiwo ngoNkulunkulu. Akukhathalekile ukuthi sikujwayele kangakanani okushiwo ngoNkulunkulu, kepha imicabango yethu ngaYe kufanele ihlolwe ngezinga lokuphila impilo kaKristu. Uma sibona ukuthi eminye yayo ayifani nendlela uKristu amkhombisa ngayo, kufanele siyilahle nanxa singakazwisisi ngokuphelele ukuthi kungani ingafanele. Uma senza kanjalo, sizoba nemibono

efanele ngesimilo nangezindlela zikaNkulunkulu okuzosilethela izibusiso ezingenakulinganiswa.

## Ukuzwisisa okungelona iqiniso

NANXA ukubhalwa kwalencwadi bekungaqondisiwe ekuhlaziyeni umqondo ngamunye oliphutha ngesimilo sikaNkulunkulu esivezwe eTestamenteni eliDala, kepha sizogxila ekuzwisiseni okukodwa okuliphutha kuleyo eminingi.

AbakwaIsrayeli babeseGibhithe ezweni lobugqila iminyaka eyevile emakhulwini amathathu, ekugcineni uNkulunkulu wakhuluma noMose esihlahleni esivuthayo wamtshela ukuthi ahole abantu baKhe abaholele ezweni lesithembiso. Wamnika imiyalelo ecacile ngokwakufanele akwenze uMose. "UJehova wathi kuMose, 'bheka ngikwenze ube njengoNkulunkulu kuFaro; uAroni umfowenu uyakuba ngumprofethi wakho. Wena uyakukhuluma konke engikuyala ngako; uAroni umfowenu uyakukhuluma kuFaro ukuba abavumele abantwana bakwaIsrayeli ukuphuma ezweni lakhe. Mina ngiyakuyenza inhliziyo kaFaro ibe lukhuni, ngandise izibonakaliso zaMi nezimangaliso zaMi ezweni laseGibhithe. Kepha uFaro akayikunilalela; ngiyakubeka isandla saMi phezu kweGibhithe, ngikhiphe amabandla aMi, isizwe saMi, abantwana bakwaIsrayeli, ezweni laseGibhithe ngezahlulelo zaMi ezinkulu. AbaseGibhithe bayokwazi ukuthi ngingu Jehova, nxa ngelula isandla saMi phezu kweGibhithe, ngikhiphe abantwana bakwaIsrayeli phakathi kwabo." *Eksodusi* 7:1-5.

Loludaba alupheleli la njengoba sazi. UMose noAroni baya kuFaro inkosi, bamnxusa ukuthi akhulule abantwana bakwaIsrayeli. Ukwenqaba kwakhe ukubakhulula kwalandelwa izinhlupheko ezeza ngokulandelana nezamphoqa ukuthi abakhulule.

Abantu-ke bacabanga kanje: uNkulunkulu ngoba enamandla futhi ebusa wonke umhlaba uhlale wahlala qede wacabanga ukuthi sekufanele abakwaIsrayeli bakhululwe. Ngegunya analo wathuma uMose kuFaro ukuthi abakhulule ngesixwayiso sokuthi uma engabakhululi kukhulu okuzomehlela. UFaro wenqaba, uNkulunkulu

wagadla kanzima ngokuphendula umfula iNile namanzi ezweni lonke laseGibhithe kwaba yigazi. Wathi ukuma kancane ukunika uFaro isikhathi sokuthi azincenge athobele umthetho. Ngokubona ukuthi akalaleli waphinda futhi wagadla. UNkulunkulu wagadla kwaze kwaba sekugcineni lapho aze aphoqeleka khona uFaro ukuthobela umthetho engasenayo enye indlela wabakhulula abakwaIsrayeli.

Ake siqhathanise lendlela esithathwa ngayo isenzo sikaNkulunkulu nesinye isithombe. Emazweni athile emhlabeni anjengoChicago noAmerica kunezinhlangano zezigebengu ezinamandla nezizithatha njengabalawuli bomphakathi. Lezigebengu ziye zifune "inkokhelo" ebantwini. Isibonelo, zingaya kusomabhizinisi othile zisho izimfuno zazo, zimesabise ngokuthi zinamandla endaweni, zimtshele ngokungananazi ukuthi uma enqaba zizomshaya kanzima. Kuyenzeka ngesinye isikhathi ukuthi lo somabhizinisi ezimqondile akazazi futhi akaze ezwele ngazo, noma ngenxa yemigomo ethile yokuphila ayilandelayo anqabe ukuhlangabezana nezimfuno zazo. Uma enqaba izigebengu ziye zimthuse ngokuphula amafasitele esitolo sakhe, zimlimazele imoto, noma zenze noma yini ezomethusa. Uma eqhubeka nokwenqaba zizomshaya ziphindelela aze athobele umthetho. Ngokwenza kanje kwazo azizuzi kuphela lokho ebezikufuna kulosomabhizinisi, kepha lesigameko siletha ithuba lokuthi zikhombise amandla azo. Ngalendlela ukushaywa kwalo somabhizinisi kuba yisibonelo sokwesabisa abanye osomabhizinisi endaweni.

Nanxa lezindlela zikhombisa ukuba nempumelelo kepha "ukulalela" okuzuzwe ngazo akuqhamuki othandweni. Kunalokho kuba ukulalela okulethwa ngukwesaba ngoba ingekho enye indlela.

## Umbuzo obalulekile

YIMUPHI umehluko phakathi kwezindlela ezisetshenziswa yizigebengu kosomabhizinisi nalezo okucatshangwa ukuthi zasetshenziswa nguNkulunkulu ezweni laseGibhithe na? Qaphelisisa kahle ukuthi uthini umbuzo. Umbuzo umayelana nezindlela ezise-

tshenziswe awubuzi ngezinhloso zokusetshenziswa kwazo.

Impendulo elindelekile ithi lezindlela ezisetshenzisiwe ziyefana. Uma silandela umqondo ojwayelekile wokuzwisiseka kwendlela eyasetshenziswa uNkulunkulu eGibhithe, sizokwamukela ukuthi izindlela zaKhe zokusebenza ziyefana nezezigebengu eziphila ngokuntshontsha nokucindezela abanye abantu.

Uma ngiletha lokhu emntwini ofundile, uzophendula ngokushesha athi izindlela ezasetshenziswa nguNkulunkulu ziyefana nalezo ezisetshenziswa izigebengu, nanxa yeNa enezinhloso ezahlukile. Ngamanye amagama izigebengu zisebenzisa lezindlela ngezinhloso ezimbi, uNkulunkulu kolunye uhlangothi uzisebenzisa ngezinhloso ezinhle. Lokhu kuletha inkulumo-mpikiswano ethi: akukhathalekile ukuthi injani indlela esetshenzisiwe ukufinyelela emphumeleni othile, uma nje umphumela omuhle kuyisiphetho lokho kulungile.

Imibhalo ayihambisani nalendlela yokucabanga. NoNkulunkulu uyakuphika ukuthi izindlela zaKhe ziyefana nezethu. Uthi, "ngokuba imicabango yaMi ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zaMi, usho uJehova. Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba kanjalo izindlela zaMi ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yaMi kunemicabango yenu." *Isaya* 55:8, 9. Uma ngabe uNkulunkulu wenza ngalendlela okucatshangwa ukuthi wenza ngayo eGibhithe, lokho kusho ukuthi izindlela zaKhe azehlukile kunalezo zezigebengu ezesatshwa kakhulu. Futhi lokho kumenza umqambi-manga ngokwendimana ecashunywe ngenhla. Kepha uNkulunkulu akuyena umqambi-manga, uliqiniso, futhi ukhuluma kuphela iqiniso. Ngakho-ke indlela ayisebenzisa eGibhithe akusiyo le okucatshangwa ukuthi wayisebenzisa.

Ngaphandle kwendimana etholakala kuIsaya, impilo nezimfundiso zikaKristu ziyawuchitha lomqondo ojwayelekile wokubuka nokuhlaziya isenzo sikaNkulunkulu eGibhithe. Empilweni yonke kaKristu akukho la simthola esebenzisa impoqo ukufezekisa izinhloso zaKhe. Kuyamangaza-ke ukumuzwa ethi wenza kuphela lokho akubone kwenziwa nguYise. Ngakho-ke kudingeka isibonelo emibhalweni esikhombisa uKristu esebenzisa impoqo ukuzuza izinhlo-

so zaKhe. Lesibonelo kufanele sisekele umqondo othi uNkulunkulu usebenzisa impoqo ukuzuza izinhloso zaKhe. Isibonelo esingasetshenziswa ngokungelona iqiniso ukubonisa lokhu ukuhlanzwa kwethempeli. Nanxa abaningi bengasho kugcwale umlomo ukuthi uKristu wathembisa ukubafaka inkalivasi labo ababeshintsha imali ethempelini, sizobona maduze ukuthi izenzo zaKhe zaziveza umyalezo owehlukile.

## Uthando lomuntu nothando olungcwele

UBUFAKAZI bukaJesu abuwusekeli lomqondo ojwayelekile osebantwini omayelana nendlela eyasetshenziswa uNkulunkulu eGibhithe. NoNkulunkulu ngokwaKhe ukuqinisekisile ukuthi izindlela zaKhe akuzona ezabantu. Ngakho-ke kufanele kube nenye indlela yokuchaza izenzo zaKhe eGibhithe. Kunomqondo ohambisana ngokuphelele nemibhalo nobufakazi bukaKristu.

IBhayibheli liyakuqinisekisa ukuthi, "uNkulunkulu uluthando." I *Johane* 4:8. Lesahluko asisho nje kuphela ukuthi uNkulunkulu uyathanda, nanxa kuliqiniso lokho, kodwa sithi uluthando. Yingoba eluthando yingakho ethanda, uthando lwaKhe alupheli futhi alunamkhawulo. Kunjalo futhi angeke kuguquke ngoba kulotshiwe ukuthi ngaYe, "...okungekho kuYe ukuguquka nasithunzi sokuphenduka." *Jakobe* 1:17.

Uthando lomuntu lunomkhawulo futhi luyaphela. Sivame ukuthanda abanye abantu ngoba besithanda. Uma uthando olukhonjiswa kithi ngabanye abantu lubonakala luncipha, nothando lwethu kubo ngokunjalo luyancipha luze luphele. Empeleni luyaguquka lube inzondo emangalisayo. Akunjalo-ke ngoNkulunkulu. Izindlela zaKhe zihlukile kunezethu, kungakhathalekile ukuthi asimfuni kangakanani, uthando asithanda ngalo aluguquki nakancane.

Umehluko omkhulu phakathi kothando olungcwele kanye nothando lomuntu ukuthi uNkulunkulu akasithandi ngoba singobani kodwa usithanda ngenxa yalokhu ayikho. Abantu ngakolunye uhlangothi abathandi ngenxa yalokhu abayikho, kunaloko bathanda ngenxa yokuthi lowo abamthandayo ungubani. Abazali bethu ba-

kutshala ezingqondweni zethu sisakhula ukuthi basithanda kuphela uma senza kahle. Uma singenzi kahle uthando lwabo kithi luyancipha. Siyayifunda lendlela siyisebenzise ebanganini bethu. Uma siyithanda indlela omunye umuntu aziphatha ngayo sibonakalisa ngokumnika uthando. Kodwa uma lowo muntu engasenzi okuhle uthando lwethu kuye luyancipha. Iphuzu elinqumayo lapha ngukuthandeka komuntu hhayi ikhono lokuthanda ngaphakathi kwethu. Lesimo nalendlela iqhubeka ize ifike esigabeni sobudala nasemshadweni. Emishadweni kuba nemiphumela ebuhlungu ngoba abashadikazi bayehlukana uma omunye engasazihlangabezi izidingo zomunye.

Ngenxa yokuthi sivamise ukwahlulela uNkulunkulu ngamava empilo esiyiphilayo siye sicabange ukuthi ufana nathi ("Ushaye sengathi nginjengawe." *Amahubo* 50:21), sicabange ukuthi usithanda kuphela uma senza lokhu akufunayo. Kepha uthando olungcwele lwehlukile. Uthando asithanda ngalo uNkulunkulu aluguquki. Usithanda ngisho simklolodela, simthuka singenandaba naYe. Okuguqukayo ubudlelwane bethu naYe, ngoba isenzo sokungamlaleli kwethu yisenzo sokuzehlukanisa naYe. Lokuzehlukanisa naYe makungadidaniswa nokususwa kothando lwaKhe kithi. Isibonelo esihle salokhu yilapho uKristu ekhulekela ukuthi abahluphi baKhe bathethelelwe ngenkathi bembethela esiphambanweni.

## Izipho zothando

UTHANDO olungapheli wuthando olungenawo umina nolubonakala ngokuphana. Ngakho-ke ngenkathi uNkulunkulu edala izulu nomhlaba wayengazidaleli yeNa. Wayedalela abantu nezilwane azenzileyo. Wayenzela wena, enzela mina kanye nawo wonke umuntu osemhlabeni. Ake sibheke izidingo zomuntu ukusukela ekudalweni komhlaba.

Ngenkathi uNkulunkulu edala abantu wayazi ukuthi isipho sothando lwempilo ngokwaso asanele. Ake ucabange nje unikwe impilo kepha unganikwanga ikhaya lokuhlala. Sitshelwa ukuthi ekuqaleni, "umhlaba wawuyihlane elingenalutho; kwakungubu-

mnyama phezu kotwa." *Genesisi* 1:2. Ake ucabange nje ushiywe ehlane elingenalutho, ungenamuntu ozoxoxa naye, ingekho nento ongayenza. Ubani nje nempela ongavuma ukuhlala endaweni enjalo? Kungafana nokuthi ufile kepha ube uphila.

Ngobuhlakani baKhe uNkulunkulu wadala kuqala isipho sothando oluphelele lomndeni ngaphambi kokudala umuntu. Ngemuva kwalokho wamnika amathuba angapheli okuzithuthukisa. Ukuze umuntu athuthuke uNkulunkulu wamhlomisa ngezinsiza-ntuthuko ezifana nomzimba, ingqondo namandla esimoya. Ukuze umhlaba ukwazi ukuthuthukisa umuntu, wona wanikwa amandla asemvelweni afana nelanga, ugesi kanye nokunye. Amandla atholakala emvelweni anikwa ngenhloso yokubusisa nokuthokozisa umuntu, kepha anobungozi obesabekayo obungadala incithakalo uma engasetshenziswa ngendlela efanele. Kuyaziwa ukuthi amandla emvelo angaletha isibusiso noma alethe incithakalo njengoba sibona kwenzeka nsuku zonke.

Ubuhlakani bukaNkulunkulu nothando lwaKhe olungapheli akuzange kuyithalalise lenkinga futhi akuzange luyishiye ingaxazululiwe. UNkulunkulu wayenakho ukuthi enze ingqondo yomuntu ikhethe kuphela indlela ephephile yokusebenzisa amandla emvelo. Kepha wabona kungekuhle ukuthi umuntu avikelwe ngendlela yokukhethelwa. Lokukhethelwa bekuzomncisha ithuba lokuzikhethela nokuzicabangela. Bekuzonciphisa kuphinde kugweme ukufezekiswa kwezifiso zakhe ngendlela ephakeme. Ukuvikelwa ngalendlela bekuzomehlisela ezingeni elingaphansi kwelesilwane.

Ukube uNkulunkulu wamnika umuntu ithuba lokukhetha isixazululo, ubengeke asikhethe lesi. Abantu abaningi bakhetha ukufa kunokuphucwa ilungelo labo lokukhetha. Izinhlangano eziningi zinesiqubulo esithi, "inkululeko noma ukufa."

Isixazululo sikaNkulunkulu kudingeka sivikele ukusetshenziswa kwamandla asemvelweni ngendlela engafanele, ngesikhathi esifanayo anike umuntu ithuba lokukhetha nokucabanga. Ngakho-ke umise uhlu lwemithetho ephelelisiwe ekhuluma ngayo yonke into ephathelene nokuphila komuntu, ukusukela kuye uqobo, izinto

azidingayo, ubuchwepheshe kuze kuyofika empilweni yakhe yesimoya. Lemithetho iyisipho sothando, uNkulunkulu ngobuhlakani nangothando lwaKhe olungapheli asinika umuntu.

## Imithetho nemithetho

KUBUHLUNGU ukubona abantu behambisana nemithetho ethile kaNkulunkulu bebe beyichitha eminye. Isibonelo, kunentakazelelo yokulandela nokusebenzisa umthetho ezintweni zemvelo nezobuchwepheshe. Izikhungo zemfundo ephakeme, ohulumeni nosomabhizinisi bachitha izigidi ngezigidi zezimali unyaka nonyaka benza ucwaningo oluzobenza bakwazi ukusebenzisa amandla asemvelweni ngendlela enenzuzo.

Ukulandela umthetho wempilo kuyingxenye ebalulekile yoqeqesho lwemisebenzi eminingi. Isibonelo, umshayeli wezindiza kufanele ayilandele yonke imithetho yokushayela, uma nje engeqa owodwa ujeziswa kanzima angaxoshwa nokuxoshwa. Ukundiziswa kwamabhanoyi kwenziwa ngokulandela lemithetho ukuze kuvikelwe izimpilo zabasebenzi nezabagibeli. Wonke umuntu uyakwazi lokhu futhi uyakwamukela.

Kuyamangaza ukubona ukuthi imithetho ehambisana nobudlelwane phakathi komuntu noNkulunkulu ithathwa njengemithetho azenzele yeNa ukuze asiphoqe ukuthi simkhonze. Ayithathwa njengemithetho asivikela ngayo. Uma siqhubeka nalendlela yokucabanga angeke sisazi isimilo sikaNkulunkulu futhi angeke sikujabulele nokuba nobudlelwane naYe. Ngakho-ke uma sifuna amava okugcwaliseka kwenjabulo esihlelelwe yona nguYe, kufanele silungise lendlela okungeyiyo yokucabanga.

Izinkinga esinazo ngokuzwisisa umthetho kaNkulunkulu zisukela esimilweni sethu. Siyathanda ukulungisa amaphutha abanye abantu ngokusebenzisa umthetho kepha asithandi ukulungisa awethu ngawo. Siba nezaba ngawethu amaphutha. Siye sifune imithetho esivikela kwabanye abantu kunokufuna le ebavikela kithi. Kepha umthetho kaNkulunkulu wenzelwe ukunika umuntu ngamunye ukuvikeleka okufanayo nokuphelele.

Awukho umthetho owenzwe uNkulunkulu ewenzela ukuzikhukhumeza, ukufezekisa izinhloso zaKhe nokuzilethela izibusiso. Kwabanye kubukeka kulukhuni ukukukholwa lokhu ngoba umuntu usebenzisa isimiso esithi onamandla amaningi unenkululeko engaphezu kweyabanye. Singaphetha ngomqondo oliphutha othi: uNkulunkulu usebenzisa amandla aKhe angapheliyo ukuziphakamisa nokwenelisa izimfuno zaKhe.

Kepha uNkulunkulu akayena umuntu. Izindlela zakhe azifani nezomuntu. "Ngokuba imicabango yaMi ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zaMi, usho uJehova. Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba kanjalo izindlela zaMi ziphakeme kuzindlela zenu, nemicabango yaMi kunemicabango yenu." *Isaya* 55:8; 9.

## UNkulunkulu uwusekele umhlaba

AKE sibheke umyalelo wokuqala. "Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami." *Eksodusi* 20:3. Kuvamisile ukuthi lomyalelo uthathwe ngokuthi uhlomulisa uNkulunkulu kunabantu ngoba kucatshangwa ukuthi uwenzele ukuqinisekisa ukuthi isikhundla saKhe siyahlonishwa nokuthi unikwa inkonzo emfanele. Kepha lomthetho uNkulunkulu uwenzele thina. Akawudingi yeNa, ngoba uthando olungenawo umina alucabangi ukuzivikela ngokwalo. Uma sicabanga ngesimo sethu okwesikhashana sizobona ukuthi kubaluleke kangakanani ukuwugcina ezingqondweni lomthetho.

UNkulunkulu akayena nje kuphela uMdali wezulu nomhlaba, uphinde awugade awulawule umzuzu nomzuzu asekele nezindilinga ezinkulu eziyilanga nenyanga emikhondweni yazo eyinika amandla okuqhubeka. "...iphasa konke ngezwi lamazwi ayo." *Hebheru* 1:3. NguYe kuphela ongenza lokhu. Uma engayeka ukwenza lomsebenzi, kungaba nencithakalo eyesabekayo. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi uNkulunkulu angasuswa esikhundleni saKhe sokulawula ilanga. Abanye bangathi asinawo amandla okumsusa esikhundleni sakhe. Nanxa singeke samsusa ngokusebenzisa amandla

ethu, kepha ikhona indlela esikwenza ngayo lokhu. Sikwenza ngokuhlubuka okubonakala ngokukhetha ukulandela izindlela zethu. UNkulunkulu akaqagulisani nathi uyasiyeka sizikhethele ngoba akabuphoqeleli ubukhona baKhe endaweni angathandwa kuyo.

Labo abangalufuni uthando nomusa waKhe bazithola benganyelwe amandla angasekho ngaphansi kokulawulwa nguYe. Isibonelo, uma uNkulunkulu engayekela ukulawula ilanga lingafiphabala, liqhume lisakazeke phansi. Kungenzeka lisunduzeleke emkhathini noma lingqubuzane nomhlaba. Uma kungenzeka lokhu kungaba nencithakalo esabisayo.

Umlando kazamcolo esinikwe wona eBhayibhelini usinika isithombe salokhu, njengoba sibonile eSodoma naseGomora nanxa okwenzeka khona kungazange kusabalele nomhlaba wonke. Siphinde sakubona futhi lokhu kwenzeka eGibhithe.

## Induku kaMose

IMPILO kaJosefa ezweni laseGibhithe yabonisa uthando namandla kaNkulunkulu ekusebenzeleni insindiso yabantu baseGibhithe. Inkosi uFaro eyabusa ngesikhathi sikaJosefa yayiyihlonipha imiyalo kaNkulunkulu. Lokulalela kukaFaro kwaholela ekukhuleni ngokudlondlobala komnotho wezwe laseGibhithe emhlabeni. Ngeshwa lokudlondlobala kwaholela ekutheni lesizwe saseGibhithe simkhohlwe uNkulunkulu. Nanxa uthando nokunakekela kukaNkulunkulu kwakulokhu kusihaqile lesizwe kepha sona saqhubekela phambili nokuhlubuka unyaka nonyaka. Sahlubuka saze safika esimeni lapho kwase kulukhuni kuso ukubuyela emuva. Ekugcineni samphika uNkulunkulu, samphoqelela ukuthi ayekele ukulawula amandla amakhulu emvelo asizungezile. Waphoqeleka futhi ukuthi awayeke enze incithakalo. UNkulunkulu onothando olungapheliyo kakuvumelanga ukuthi kwenzeke lokhu ngaphandle kokubanika isixwayiso ngengozi eyayibalengela abaseGibhithe. Ngakho-ke wathumela uMose kuFaro ukuthi ayombonisa ngeqhaza likaBaba ezinhluphekweni ezazizomehlela maduze yena nesizwe sakhe.

UMose waya kuFaro njengokuthunywa kwakhe. Induku ayeyi-

phethe esandleni sakhe yayingumfanekiso wamandla abekwe uNkulunkulu emvelweni nasebantwini. UMose wayilawula induku eyayisesandleni sakhe, kanjalo-ke noNkulunkulu uwasekele futhi uyawalawula amandla endalo. Kwathi lapho eyidedela induku umprofethi uMose yaphenduka inyoka engumfanekiso kaSathane ongumshabalalisi.

UNkulunkulu waqala ngokuthuma uMose enkosini uFaro ukuthi amnxuse akhulule abakwaIsrayeli. Lesi kwakuyisimemo esenziwa ngothando nesasinxusa abaseGibhithe ukuthi baphenduke baphinde balalele. Inhlekelele eyayilengela isizwe saseGibhithe yahanjiswa nalesimemo esasigcizelela isidingo esinqala sokuphenduka ngokushesha. Yatshelwa inkosi uFaro ukuthi uma isenqaba lesicelo kukhulu kuyanyelela okwakuzokwehlela izwe laseGibhithe. Okwakuzobehlela kwakuzobenza baphelelwe ngamandla okugcina abakwaIsrayeli beyizigqila zabo.

Njengoba kwakusezinhlelweni zikaNkulunkulu ukusindisa abaseGibhithe kwadingeka ukuthi inkosi uFaro ikhonjiswe iqhaza laKhe kulesimo. Kwakufanele kukhonjiswe ukuthi izinhlupheko ezazizokwehlela izwe laseGibhithe zazingaveli kuNkulunkulu, kepha zaziyimiphumela enganqandeki yokuchilizela eceleni umthetho waKhe. Ngokuphenduka kwenduku kaMose iba inyoka sakhonjiswa ngokugqamile lesifundo. Ukuze uhlelo lukaNkulunkulu lomusa lube yimpumelelo kwakubalulekile ukuthi inkosi uFaro isebenzisane nalokho eyayikuvezelwe nguYe.

Isifundo sasicacile futhi sisobala: kwakuphephile uma induku isesandleni sikaMose. Ubungozi bamandla emvelo angasekho ngaphansi kokulawulwa nguNkulunkulu akhonjiswa kahle ngenduku kaMose eyayiphenduka inyoka ebulalayo lapho eyidedela, iphinde iphenduke induku engenamandla okubulala lapho eyibamba ngesandla sakhe. Kuyadabukisa ukuthi inkosi uFaro yakhetha ukungawamukeli lo myalezo womusa ovela kuNkulunkulu. Lo myalezo ngendlela efingqiwe wawuthi:

“Faro nkosi enamandla yaseGibhithe ngale kokuhlubuka kwakho okuqhubekayo, ngisawalawula amandla emvelo ukuthi angakusha-

balalisi. Ngenxa yakho neyezwe lakho, amandla enduku asesesandleni saMi ngisawalawula. Ngokuwalawula kwaMi umshabalalisi akakenzi incithakalo ezweni lakho. Unengcebo enkulu nezibusiso futhi uyisizwe esinamandla emhlabeni. Kepha usuku nosuku uzahlukanisa naMi, awulaleli imithetho engikunike yona ngothando ukukuhlenga nokukulonda. Uphoqelele ukuthi igebe lokwahlukana phakathi kwethu likhule, liphinde lijule, okungenza ngibambe kuphela lawo mandla amakhulu encithakalo asemvelweni. Ngiyakuncenga ukuthi uphenduke ekuhlubukeni kwakho, ukhombise ukuthi uzimisele ukulalela imithetho yaMi ngokukhulula uIsrayeli. Uma umkhulula ngizokwazi ukubamba lamandla encithakalo alengela izwe lakho. Angithandi ukukubona ushatshalaliswa ngubuhlungu obesabekayo obuzolethwa yinkani yakho phezu kwendlu yakho naphezu kwabantu bakho. Kodwa-ke uma wenqaba ukuphenduka uqhubeka nokwenza abantu baMi izigqila, ukulawulwa kwamandla emvelo kuzophuma esandleni saMi. Uma ukulawulwa kwawo sekuphumile esandleni saMi azodala incithakalo eyesabekayo. Nanxa kunjalo, uma uphenduka ngizowabuyisa ngiphinde ngiwalawule. Azoyekela ukuba yincithakalo azoba yinduku yesibusiso."



Ake ubheke indlela enothando nokuncenga eyasetshenziswa nguNkulunkulu encenga inhliziyo elukhuni kaFaro! Lokuncenga kukaNkulunkulu kwahlangatshezwa ukuzikhukhumeza nokunganaki okwakuvela enkosini uFaro. Esikhundleni sokuthi uFaro azinikele kuMdali waKhe, wabiza izanuse zakhe ezafika zaphonsa izinduku zazo phansi nazo zaphenduka izinyoka. Kwabonakala sengathi izinduku zezanusi ezase ziphenduke izinyoka zizodla induku kaMose eyase iphenduke inyoka nayo.

Yayithini impendulo yenkosi na? Yayikhombisa ngokusobala ukuthi yayingamdingi uNkulunkulu wamaHebheru ukuthi aqhubeke nokulawula amandla asemvelweni. Futhi akayiyekele induku yaKhe iphenduke inyoka ebulalayo. Inkosi uFaro yayikholwa ukuthi iyakwazi ukuphila ngaphandle kukaNkulunkulu. Ngokuzethemba yayicabanga ukuthi inamandla anele okumelana namandla encithakalo ayengadedelwa nguNkulunkulu.

Lena indlela esiziphatha ngayo nanamuhla. Uma izinkinga nezinhlekelele zikhombisa ukuqeda impilo yethu, sibalekela ekuhlakanipheni kwethu sisebenzise ulwazi lwethu ukuzikhulula. UNkulunkulu simcabanga ekugcineni uma sesehlulekile, kuthi uma idlula inkinga simkhohlwe futhi masinyane. Kepha asikwazi ukulawula amandla asephumile ekulawulweni uNkulunkulu. Uma izikhukhula ezinamandla ziqubuka olwandle zikapakela emhlabeni, ziwisa izakhiwo, akukho nokuncane esingakwenza ukuzivimba. Ziye zenze incithakalo yazo ngaphandle kokuvinjwa. Izinhlekelele ezifana nokuzamazama komhlaba phakathi olwandle ezaziwa kakhulu ngokuthi itsunami, ukuqubuka kwentaba yomlilo, imililo yequbula nesomiso angeke sakwazi ukuzinqanda.

Izinduku zezanuse zikaFaro ezapheduka izinyoka zehluleka ukudla induku kaMose eyayisiphenduke inyoka. Inyoka kaMose yazidla ngokushesha izinyoka zikaFaro. Induku kaMose yayinobungozi obukhulu kunoma ubani owayengayithinta ngaphandle kwakhe ngenkathi isiphenduke inyoka.

Umyalezo kaNkulunkulu wadluliswa ngendela ecacile. NoFaro wakukhombisa ngokucacile ukuthi akawemukeli. Waqhubeka wa-

daza inkani wathi: "ngubani uJehova ukuba ngilalele iZwi laKhe, ngimyeke uIsrayeli ukuba ahambe na? Angimazi uNkulunkulu, futhi angiyikumvumela uIsrayeli ukuba ahambe." *Eksodusi* 5:2.

Ngosuku olulandelayo uMose wakhombisa ngokungananazi ephethe induku esandleni ukuthi amandla kaNkulunkulu azosuswa kuphi kuqala. Ngenhlupheko ngayinye eyayiwela abaseGibithe inkosi uFaro yakhonjiswa ngokusobala ngokwakusazokwehlela isizwe sayo ukuze ingacabangi ukuthi lokhu okuyehlelayo bekuvele kuzokwenzeka.

Ngesikhathi sezinhlupheko ngothando uNkulunkulu wayesawuvulile umnyango womusa. Wakhombisa ngezikhawu eziningi ukuthi usengawalawula amandla encithakalo awele phezu kwesizwe saseGibhithe uma singaphenduka sibuyele kuYe. UFaro nezanuse zakhe babona ukuthi kabanawo amandla okulawula amandla encithakalo. Bekuthi lapho uFaro engaphansi kwengcindezi ngenhlupheko ngayinye eyayimehlela enze isithembiso sokuthi uzobakhula abakwaIsrayeli, ithi ingasuswa inhlupheko, abuye ayiqinise futhi inhliziyo yakhe. Ngomusa waKhe uNkulunkulu ubeyiphakamisa ngomsila inyoka iphenduke induku.

Abantu abaningi namuhla baziphatha ngalendlela. Uma bebhekene nokufa kungekho abangakwenza, babiza igama likaNkulunkulu benze izithembiso zokuthi bazomlalela. Ithi ingadlula inkinga bakhohlwe nya izithembiso abazenzile babuyele emikhubeni yabo. Lesehlakalo esilandelayo esenzeka silikhombisa ngokusobala leliphuzu. Ngonyaka ka-1846, umkhumbi owawuthwele abagibeli abasuka ePortland ezweni laseMaine belibangise ogwini lwaseBoston eMassachusetths ezweni laseMelika, wazithola usesivunguvungwini esesabekayo olwandle. Omunye wabagibeli usichaza kanje lesimo:

"sasisengozini enkulu. Umkhumbi wawuphushekela nhlangothi zonke ngendlela esabisayo ungalawuleki. Amagagasi amakhulu ephonseka emafasiteleni ngendlela enamandla. Egunjini labesifazane kwakunokwesaba okukhulu. Abaningi bavuma izono becela umusa kuNkulunkulu ukuthi abalondoloze bafike bephephile

ogwini. Abanye babekhuleka kuMariya unina kaJesu becela abalondoloze, abanye benza izifungo kuNkulunkulu zokuthi bazohamba ngezindlela zaKhe uma nje engabalondoloza. Kwakuyisimo esesabekayo…

"Ngomusa kaNkulunkulu safika siphephile sonke ogwini. Abanye babagibeli bathi ukwehlika emkhunjini bakhohlwa ukuthi kungekudala bebegubazela ngenxa yovalo. Omunye walabo owenza isifungo ngokunganaki nangokubhuqa wathi, 'akadunyiswe uNkulunkulu, ngiphephile!' Ngathi lapho ngimcela ukuthi akhumbule indlela abethuke ngayo emahoreni ambalwa adlulile akhumbule futhi nezifungo azenzile. Wangibheka kabi.

"Lesenzo sabo sangikhumbuza ukuphenduka komuntu ngoba egula. Abanye basebenzela uSathane impilo yabo yonke, uma bengenwa ukugula sebengenaso isiqiniseko ngekusasa labo, baye bakhombise izimpawu zokuphenduka, basho nokusho ukuthi bakulungele ukufa, nabangani babo bacabange ukuthi baphenduke ngempela futhi sebalilungele izulu. Laba abanje uma bengasinda ekuguleni baba nokuhlubuka okumangalisayo." *Testimonies for the Church* 1:80.3-81.3.



Kwaba njalo nangenkosi eyayinamandla yaseGibhithe. Yayibukeka inokuphenduka uma ingaphansi kwengcindezi, uma isuswa kubonakale ukuthi ayisifulathelanga enhliziyweni yaso isono. Ukuvuma okwakungaveli enhliyzweni okwakwenziwa inkosi uFaro ukuthi kususwe izinhlupheko ezweni lakhe kwaba nemiphumela emibi engqondweni nasesimilweni sakhe, kwayenza lukhuni inhliziyo yakhe kwaba nzima ukuthi azinikele kuNkulunkulu. Ukuqhubeka kukaFaro nokwenqaba isimemo sokuphenduka esasivela kuNkulunkulu, kwanciphisa amandla aKhe okulawula isizwe saseGibhithe. Inhlupheko ngayinye yayenza umonakalo owesabekayo, eyokugcina yashaya kwazwakala ngokufa kwamazibulo. Ngemuva kwalenhlupheko yokufa kwamazibulo amandla kaFaro aphela nya, izwe lakhe laba ugwadule akazange esakwazi ukugcina abakwaIsrayeli njengezigqila. Akukona ukuthi uNkulunkulu wayelawula izinhlupheko ezaziwela abaseGibhithe kepha lezinhlupheko zabehlela ngoba amandla okuzilawula ayengasekho ngaphansi kwesandla saKhe.

Lendlela ihlukile kunale esetshenziswa ngabantu. Ake ubheke isibonelo sezigebengu ezweni laseChigago. Lezigebengu zikwazi ukuzwisa abanye abantu ubuhlungu kuphela uma izikhali zazo zisezandleni zazo. Kepha akunjalo ngoNkulunkulu. Uma nje esawalawula amandla emvelo awakwazi ukuba yincithakalo.

Ngokubheka izehlakalo zalokho uNkulunkulu akwenza ezweni laseGibhithe, kuyamangaza ukuthi indlela ezizwisiseka ngayo ihlanekezelwe. Ngale kokucophelela okukhulu okwenziwa uNkulunkulu ukukhombisa incithakalo eyayizokwehlela abaseGibhithe, uSathane wawavala amehlo abantu ukuthi bangayiqondi injongo yaKhe. Ukwazile ukuveza uNkulunkulu njengendlovu-kayiphikiswa engumshabalalisi. Kepha uNkulunkulu akakaze nje nangelilodwa ilanga abe ngumshabalalisi noma asebenzise unya noma aqambe amanga. Wenza lokho athi uzokwenza eGibhithe. Akasebenzisi impoqo njengabantu ukuzuza izinhloso zaKhe.

Ubufakazi kuphela obutholakala eTestamenteni eliDala obufakaza ngesimilo esithandekayo sikaNkulunkulu. ETestamenteni eliSha

uKristu unika ubufakazi obembula isimilo sikaYise nezindlela za-Khe. Kwathi lapho abashushisi baKhe beziphatha ngendlela uFaro aziphatha ngayo kuNkulunkulu, uKristu waphendula ngendlela uYise aphendula ngayo. UKristu akazange afune ukuziphindiselela lapho bemshaya, bemkhafulela, bemthuka, bemklolodela nalapho sebembethela esiphambanweni. Akazange afune ukuziphindiselela ngokusebenzisa amandla endalo. Nanxa kwakulula ukuthi akwe-nze lokho. Kunalokho wabakhalela ngothando olungenakuchazwa nangomunyu wathi, “Baba bathethelele, ngokuba abakwazi aba-kwenzayo” *NgokukaLuka* 23:34

## Kungani kungenzekanga ngaphambili na?

UKUKHOLWA ukuthi uNkulunkulu waphoqelela abaseGibhi-the ukuthi bakhulule abantu baKhe kungukubeka ihlazo eli-khulu kuYe. Kungukumbeka icala lokuthi wenza ngamabomu engenandaba nokuhlupheka kwamaJuda okwadonsa isikhathi esi-de nanxa wayenalo ithuba lokuwakhulula ngesikhathi.

Uma abantu benamandla bayashesha ukufezekisa intando yabo, bangenza noma yini ngesikhathi abathanda ngaso. Abantu abani-ngi bacabanga ukuthi uNkulunkulu usebenza ngalendlela. Uma be-kunjalo, bekufanele abekwe icala ngokuyekela uIsrayeli ahlupheke enakho ukuthi angamsiza. Iminyaka eyevile emakhulwini amatha-thu abakwaIsrayeli babesebugqilini obesabekayo, ngakho-ke ubu-hlungu babo bungabekwa kuNkulunkulu owehluleka ukusebenzisa amandla aKhe ukubakhulula. UNkulunkulu angeke abe uNkulu-nkulu wothando ngesikhathi esifanayo aziphathe ngalendlela.

Iqiniso limile lithi uNkulunkulu akaxazululi izinkinga ngokuse-benzisa impoqo. Ukukhululwa kukaIsrayeli kwakungancikile eku-thandeni kukaNkulunkulu kepha kwakuncike ekuhlubukeni oku-ngenelele kwabaseGibhithe. Lokuhlubuka kwabo kwaletha ukwe-hlukana phakathi kwabo noNkulunkulu nokwaholela ekuyekelwe-ni kwamandla encithakalo awela phezu kwabo nokwenza lukhuni ukuthi baqhubeke nokugcina abakwaIsrayeli njengezigqila zabo. Uma lezimiso zizwisiseka, ayikho inkinga ezobakhona ekuboneni

imbangela yokuyekelwa kukaIsrayeli ebugqilini isikhathi eside kangaka!

UNkulunkulu akagudluki ezindleleni zaKhe ngoba uyazi ukuthi ngokwenze njalo uzobe ezigwaza ngowaKhe. Ukube kwakuyindlela yaKhe ukubusa ngempoqo, wayezosusa ukuhlubuka kusaziveza emhlabeni. Ubengeke akuyeke isikhathi eside kangaka! Kepha isono kufanele siyekwe senze umsebenzi waso size sizikhunge ngokwaso kanye nabo bonke ababambelela kuso. Ngemuva kwalokho uNkulunkulu uzokwakha ngokukhululeka umhlaba omusha nezulu elisha ingasekho ingozi yokuthi sizophinde sivuke futhi isono.

## Ukuhlanzwa kwethempeli

MASINYANE ngemuva kokuqala kwaKhe ukushumayela, uKristu wahlanza ithempeli elaligcwele abathengi nabathengisi. (Funda incwadi ka*Johane* 2:13-22). Umoya waKhe waphatheka kabuhlungu ngalokhu okwakwenzeka ethempelini, ngemuva kwalokho "...wayesenza inkalivasi ngezintambo, waxosha bonke ethempelini, nezimvu nezinkomo, wachitha imali yabashintshayo, wagumbuqela amatafula." *Johane* 2:15.

Loludaba lungazwakala ngendlela engafanele njengalolo lwezinhlupheko zaseGibhithe. Kuloludaba abantu bacabanga ukuthi uJesu wabethusa ngempela labo ababethengisa ethempelini futhi wayezobashaya ukube baqhubeka nokungamhloniphi. Ukube lendlela yokucabanga ngalesehlakalo iliqiniso, ubuzoba kuphi umehluko phakathi kokuziphatha kwaKhe nokuziphatha kwezigebengu emhlabeni wobugebengu na? Ubezokwazi kanjani ukuthi, "ngokuba amazulu ephakeme kunomhlaba kanjalo izindlela zaMi ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yaMi kuneyenu." *Isaya* 55:9.

Lemibuzo ifanele ukubuzwa futhi kudingeka ukuthi kube nenye indlela okubukwa ngayo lesahlakalo ukuze kutholwe ukuthi kwenzekani ngempela. Ukuhlanzwa kwendawo engcwele ETestamenteni eliSha kuyefana nodaba lwesizwe samandulo saseGibhithe olutholakala eTestamenteni eliDala. Lokho uNkulunkulu akwenza kuFaro kuyefana nalokho okwenziwa nguJesu ethempeleni. Ngesi-

nye sezibonelo ezikhombisa indlela uNkulunkulu alawula ngayo amandla emvelo. Indawo nesikhathi okwenzeka ngaso lokhu kuhlukile kepha umyalezo uwodwa. Umehluko omkhulu kulezehlakalo ukuthi uMose wayidedela induku, kanti uKristu yena akazange ayidedele. Zombili lezehlakalo ziyahambisana ngokufana nezenzo zikaMose nezikaKristu. IGibhithe lawelwa izinhlupheko ezaziza ngokushesha uma uMose ededela induku. Kepha ethempelini, uKristu akazange ayidedele inkalivasi, lokho kwanika amaJuda isiqinisekiso sokuthi sisesekhona isikhathi sokuphenduka. Nembala ayikho inhlekelele eyabehlela esesemhlabeni uJesu. Isenzo sikaKristu sasibaxwayisa ngengozi eyayizobehlela uma bengahlukani nezindlela zabo zobumnyama. Lezindlela zabo zaziphoqelela uJesu ukuthi adedele inkalivasi okwakuzokwenza ukuthi bazithole besesimeni esifanayo nesaseGibhithe.

Kuyaziwa ukuthi amaJuda enqaba ukuphenduka. Amfulathela uNkulunkulu, lokho okwabonakala ngokuchitheka kweJerusalema ngonyaka ka-70 AD. UKristu akawashayanga amaJuda ngenkalivasi. Kwakungeyona inhloso yaKhe ukuyiphakamisa. Nanxa yayilenga ngokwesabisayo emakhanda awo, kepha ayizange iwathinte ngoba yayisesandleni saKhe. Umyalelo wawuthi kumaJuda awaphenduke ukuze uNkulunkulu azokwazi ukulawula baphephe encithakalweni eyayibajeqeza.

Uma sihlaziya isenzo sikaNkulunkulu nesenzo sikaKristu ethempelini kuyabonakala ukuthi uKristu wakhuluma iqiniso lapho ethi wenze konke okwenziwe nguYise, futhi ukwenze ngendlela efanayo neyaKhe.

## Ubufakazi besiphambano

ISIPHAMBANO sikaKristu sembula ngokuphelele izindlela zokusebenza zikaNkulunkulu nezikaSathane. Umphumela wempi yomdonsiswano eyayiliwa esiphambanweni yakhombisa ngokuphelele ukuzimisela kwalezimbangi ezimbili, kungekho ehlehlela emuva ephumelele yayizothatha konke. Izimbangi zakhipha wonke amangwevu.

Ingubo ayezifihle ngayo uSathane efihle ubunjalo bakhe yasuswa, nengubo ayeninda ngayo igama nesimilo sikaNkulunkulu ukuhlanekezela isimilo saKhe emhlabeni jikelele yasuswa. Kulempi enkulu omubi wavezwa ubunjalo bakhe obuzinikele ekusebenzeleni umina nobungabulala lowo owamdalayo nowamnika konke anakho. USathane ukhombise umoya asewutshale ezingqondweni zezigebengu emhlabeni. Indlela aphatha ngayo uKristu iyisibonelo sendlela aphatha ngayo labo abangafuni ukumlalela. Asithokoze kakhulu ngoba lesi akusona isimilo sikaNkulunkulu. Besokwethuka uma bekuyiso. UNkulunkulu noKristu bagqugquzelwa ngumoya ohlukile kunalo okungumoya wokuzinikela nowokusebenzela abanye. Bazinikele ekusebenzelenia wonke umuntu. Abenzi isibonelo ngokuthi babadelise labo abangabalaleli. Kunalokho benza isibonelo ngabo esikhombisa ukuthi bazimisele ukudela izimpilo zabo.

Ingubo kaKristu icombozwe egazini okuligazi laKhe. NoSathane unengubo ecombozwe egazini okuligazi labantu. Ake ubheke nje ukwehlukana kwalezimbangi. Izindlela zikaSathane zibonakala ezindleleni ezisetshenziswa ngabantu. Asikho nesisodwa isimiso sikaSathane sokusebenza esitholakala empilweni kaKristu noYise.

Indlela afa ngayo uKristu ingubufakazi bokuthi uNkulunkulu akasibulali isoni. Ensimini yaseEdeni abazali bethu bakhetha eyabo indlela. Abazange balale umthetho wothando, ngokwenza kwabo kanjalo bazidonsela amanzi ngomsele ngemiphumela yomthetho ophuliwe. Babezofa ngaso leso sikhathi ngokusho kukaNkulunkulu. Akwenzekanga kanjalo ngoba ngenkathi bewela esonweni, ngawo lowo mzuzu uKristu wangena phakathi kwabaphilayo nabafileyo wathi: “isijeziso asiwele kimi.”

Ngenkathi uKristu eza emhlabeni wazela ukuzothwala isijeziso sethu. Libalulekile leliphuzu: uKristu weza wathwala ngokugcwele isijeziso esizowela phezu kwethu uma sigcina ngokungasamukeli lesipho sakhe. Indlela eyamukelekile yokuchaza indlela abazofa ngayo abenzi bobubi yile ethi: uNkulunkulu onamandla onke uzophelelwa yisineke bese ebashabalisa bonke emhlabeni. Lendlela ifundisa ukuthi ukufa kulethwa nguNkulunkulu. Uma kuliqiniso, le

indlela uKristu okwakufanele afe ngayo njengoba nathi sizofa ngayo. Uma ukufa kwethu kungumsebenzi kaNkulunkulu kusho ukuthi nokufa kwendodana yaKhe ngumsebenzi waKhe. Okuhle ukuthi akukho mfihlo ngokufa kukaKristu. Kwenzeka wonke umuntu ebuka futhi noYise akehlanga ukuzombulalela esiphambanweni. Akuyona indlela afa ngayo uKristu le.

Okwenzekayo ukuthi umoni uzahlukanisa noNkulunkulu. Lokuzehlukanisa kwakhe kwenza ukuthi uNkulunkulu ahluleke ukulawula isimo ekugcineni umoni abulawe isono sakhe. Uma kuliqiniso lokhu, kusho ukuthi uJesu wafa ngalendlela. UNkulunkulu akasiyekelanga sisebumnyameni ngaloludaba ngoba uKristu uqobo lwaKhe wafakaza ngokwenzeka. Wakhala wathi, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami ungishiyelani na." Akukho okukhombisayo ukuthi uNkulunkulu wasondela nezikhali. Kunalokho wayesuka kuKristu njengoba esuka kuwo wonke umoni ongaphendukile. UKristu ngokwaKhe wayengeyena umoni, wayamukele isisindo sezono zomhlaba jikelele wama endaweni yawo wonke umoni. Wazithabatha izono kwaba sengathi zenziwe nguye uqobo. Kwakuyilezono ezamhlukanisa noYise zambeka esandleni somshabalalisi.

AbaseGibhithe nabaseSodoma, abaphila ngaphambi kukazamcolo kanye nawo wonke umuntu owanqunyelwa ukufa, ufa ngendlela efanayo. Ekupheleni komhlaba, isono esizocindezela labo abangasamukelanga isipho sokukhululwa kuso.

## Ukuqonda okusizengeni eliphakeme nelingcwele

UNKULUNKULU uluthando, isimilo saKhe, umthetho waKhe uluthando. Isenzo ngasinye semvelo, lonke icebo elenziwe, isinyathelo esithathiwe emsebenzini wokuhlenga, sikhombisa uthando olungenawo umina nolungaqondakali noluzungeza indlela kaNkulunkulu yokwenza izinto.

Izindlela zikaNkulunkulu aziguquki. "Okungekho kuYe ukuguquka nasithunzi sokuphenduka." *Jakobe* 1:17. Uma zizwisiseka izimiso zaKhe ezimi ingunaphakade kuzoba lula ukuthi zijatshulelwe ngesasasa. Loluthando uma lwamukelwe lwatholwa luzogcwalisa umphefumulo ngokukhanya nangobuhle. Izimpendulo zizokwakheka ezihambisana nongapheliyo. Owamukelayo uzoba yingxenye yalomzungezo wempilo nobuhle obuqubuka ngokungapheliyo esihlalweni sobukhosi songaphezu-konke. Indlela izovuleka ukuthi babe yimigudu ephilayo eyimifula ezosabalalisa uthando kwabanye. Bazothola ithuba lokungena enjabulweni kaNkulunkulu, ukuhlala ekukhanyeni okusuka kongapheliyo kuyinjabulo engenakulinganiswa nalutho.

Abaningi bacabanga ukuthi lo ngumvuzo ozotholakala esikhathini esizayo utholwa yilabo abazothembeka. Kepha wonke umuntu angazizwela wona manje, ngaphambi kokubuya kukaKristu ezomisa umbuso waKhe wenkazimulo engapheliyo. Ebantwaneni beqiniso bakaNkulunkulu izulu liqala lapha emhlabeni. Uthando luka-Nkulunkulu luhlala enhliziyweni, isimilo saKhe sibonakala ngokuziphatha kwabo. Usuku nosuku bafunda ukukhuluma ngoNkulunkulu njengoba noKristu enza ngenkathi esesemhlabeni.

Kuyinto ebuhlungu ukuthi njengoba umuntu awela esonweni, nengqondo yakhe yakhohliswa yabamba isimilo esihlanekezelwe sikaBaba osithandayo osezulwini. Le yimbangela yobuhlungu nezinhlupheko eziphindaphindiwe ezihlasela umndeni wabantu, ngoba abantwana bavamise ukwenza lokho abukubone kubazali babo. Ngakho-ke uma uNkulunkulu onguBaba wethu ethathwa njengomuntu osebenzisa amandla aKhe ukuphoqelela ukulalelwa noku-

dunyiswa, nabantwana baKhe emhlabeni bazithola benelungelo lokulandela lesibonelo sokucindezela abanye. Lobudlova bakha inkani nokumelana nalamandla, lokhu kuletha ubuphekula-zikhuni, kuholele ekubulalaleni, nasezimpini, nasezinhluphekweni eziningi. Begajwe intakazelelo yokuvikela izimpilo zabo nempahla yabo nokuphumelela, abantu bafuna ukufezekisa izinhloso zabo kungakhathalekile ukuthi ukwenza kwabo kubahlukumeza kanjani abanye. Bazethemba bona abamethembi uBaba abambona njengesidlova.

Uma nje singehlukana nokucabangisa okwabantu, kunalokho sifune ukuqondisia isimilo sikaNkulunkulu esinobuqiniso, sizogqugquzeleka silandele isimilo sothando esingenawo umina esibonakala eNdodaneni yaKhe. Inhloso yethu enkulu izoba ukusebenzela abanye abantu, kunokusebenzela umina. Uma lomoya utholakala kumuntu ngamunye njengoba watholakala kuKristu zingashabalala izimpi, ingcindezelo, ukubulalana, nokunye okufana nalokho.

Sesifikile isikhathi sokuyeka ukucabangisa okumuntu. Kudingeka sicabange njengoKristu osimilo saKhe esingenasici sikhombisile ukuthi uBaba unjani. Uma siyibona inhloso kaNkulunkulu, ingcebo yensindiso nokuhlengwa izovuleka engqondweni. Izinhliziyo zethu zizothokoza:

**"ngokuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi weNa wedwa Nkulunkulu oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu."**

***NgokukaJohane* 17:3**

Nxa udinga ulwazi olunabile ngesihloko okukhulunywe ngaso kulencwadi nangezinye izihloko ezikhuluma ngendlela yensindiso ungaluthola kulezincwadi ezilandelayo ezibhalwe nguF.T. Wright. Ezinye zazo ziyatholakala ngolimi lwesiZulu.

- Acceptable Confession
- Awake to Righteousness
- Behold Your God
- Christ Coming Delayed, Why?
- Child Salvation
- Entering into God's Sabbath Rest
- Facing the Judgement
- From Bondage to Freedom
- God's Way in the Sanctuary
- Revival and Reformation
- The Living and the Dead
- The Seven Angels
- Three Temples

